# IZETHULO ZASEGIRONA NGAMALUNGELO OKUSETSHENZISWA KWEZILIMI

*I-PEN International ihlanganisa ndawonye ababhali bamazwe omhlaba. Eminyakeni eyishumi nanhlanu eyedlule, isibophezelo samalungelo okusetshenziswa kwezilimi nesaziwa ngokuthi yi-Universal Declaration of Linguistic Rights sethulwa okokuqala emphakathini edolobheni laseBarcelona sethulwa Yikomidi Lezokuhumusha kanye Namalungelo Okusetshenziswa Kwezilimi ngaphansi kwe-PEN International. Namhlanje-ke futhi, lelo Komidi elifanayo, liye lahlangana eGirona nalapho lifike khona lavumelana ngazwi linye ekwethuleni Izethulo zemigomo eyishumi enqala Yokuzibophezela Kukawonkewonke emhlabeni.*

1. Ukwehlukana ngokwezilimi yinto eyigugu emhlabeni wonke futhi kumele ithokozelwe futhi ithakaselwe.

2. Inhlonipho ebhekiswe kuzona zonke izilimi kanye namasiko kuyingqalasizinda yokwakha kanye nokugcina inkulumompikiswano ikhona futhi iphilile.

3. Bonke abantu bafunda ukukhuluma emongweni womphakathi obanika impilo, ulimi, isiko kanye nokuzazi kanye nokuzazisa.

4. Izilimi ezahlukene kanye nezindlela ezahlukene zokukhuluma akusizona nje izindlela zokuxhumana kuphela ezikhona, kodwa futhi lokhu kungamanyathelo abantu abakhula ngawo kwakhiwe namasiko ngawo.

5. Noma yimuphi umphakathi okhuluma ulimi oluthile unelungelo lokusebenzisa njengolimi olusemthethweni lolo lulimi endaweni yawo oyakhele.

6. Indlela okufundwa ngayo esikoleni kufanele ibambe iqhaza elibonakalayo ekukhuliseni ulimi olukhunywa umphakathi okuleyo ndawo.

7. Kuhle futhi kuyancomeka ukuthi abantu bakwazi ukukhuluma izilimi ezahlukene ngoba lokho kusho ukuzwelana kanye nokuvuleka komqondo, kanti kwenza nokuthi umuntu alwazisise nolimi lwakhe lwebele.

8. Ukuhunyushwa kwemibhalo, ikakhulu imisebenzi emikhulu ekhuluma ngamasiko, kusho into ebaluleke kakhulu ohlelweni lokuqonda kanye nenhlonipho ekhona phakathi kwabantu bodwana.

9. Abamaphepha, abemisakazo kanye nabamathelevishini bayizizinda ezikhuluma kuzwakale uma kubhekwa izindaba zezilimi futhi yibona kanye abangenza ukuthi izilimi zibekwe esicongweni esizifanele.

10. Ilungelo lokuthi umuntu azisebenzisele ulimi lwakhe lwebele kufanele lihlonishwe yiNhlangano Yezizwe njengelinye lamalungelo ayisisekelo.

EGirona, 13 Meyi 2011
Translated by PEN